Igama lami nginguLolo.
Nginabangani abaningi.
Woza nami sizobabingelela!

hello_interior.indd 6 2022/07/03 19:00

Sawubona Langa,
wena omkhulu
futhi uqhakazile.
Ugcwalisa usuku
ngokukhanya kwakho
okuqhakazile.

Sawubona Tshani,
wena otofozelayo
futhi uluhlaza okotshani.
Usinika indawo
eyanele yokudlala.

Sawubona Sibhakabhaka,
wena obanzi futhi uluhlaza okwesibhakabhaka.
Ugcwalisa isibhakabhaka ngombala omuhle oluhlaza okwesibhakabhaka.

hello_interior.indd 12 2022/07/03 19:00

Sawubona Nyanga,
wena ophezulu
ebumnyameni.
Wenza ubusuku bungabi
mnyama kangako.

hello_interior.indd 14 2022/07/03 19:00

Sawubona Nkanyezi,
wena omkhulu
futhi umhlophe.
Wenza ubusuku
buqhakaze kahle.

hello_interior.indd 16 2022/07/03 19:00

Sawubona Moya,
wena onamandla
futhi ukhululekile.
Isivunguvungu sakho
sinyakazisa izinto
ngendlela emangazayo.



hello_interior.indd 18 2022/07/03 19:00

Sawubona Mvula,
wena oyethela phansi.
Uletha amanzi futhi
upholise nenhlabathi.

Sawubona Mbani,
wena oqhamuka phezulu.
Ushaya ngombani
okhanya bha osithusayo.

Sawubona Kuduma,
wena obhonga imvula.
Uduma ngomsindo
omkhulu kakhulu.



Sawubona Mazolo,

wena ungamaconsi amanzi.

Wenza umhlabathi

uthambe futhi umate.

Sawubona Sihlala,
wena omkhulu
futhi uqinile.
Usinika umthunzi
kanye nezithelo
ukuthi sidle.

Sawubona Nyoni,
wena ondizela phezulu
esibhakabhakeni.
Ugcwalisa izinsuku zethu
ngomculo omnandi.

hello_interior.indd 28 2022/07/03 19:00

Sawubona Nawe, wena ofunda le ncwadi.



Njengoba usubabonile abangani bami, ngicela ungibonise abakho!